(CIB pdf formfields Demoversion)

S i y a b i k e z e l a !

I B H A Y B H E L I
NGESIZULU

ITHESTAMENTE ELIDALA

UGenesisi

http://www.benkhumalo-seegelken.de/pdf/IBHAYBHELINGESIZULU_7.pdf

S e s i y a y i d e d e l a – k e
eyokuqala ngqa ezincwadini esesizihumushile, sizikhipha kolwesiHebheru, sizifaka kolwakithi, ngendlela esethemba ukuthi izotholakala icacile, ifundeka kalula, izwakala kangcono: uGenesisi!

Ezaziwayo ngezenzo zoMdali, ngendabuko yomhlaba nemvelo kanye nezinganekwane nenkolo ngomlando wesintu usuka koAdam noEva, wedlula esikhutshekisweni sokuqala ensimini yaseIdeni, uze uyothinta koAbhraham noLothi, koNowa nozamcolo nakoJosefa nabanewabo uze uyoshaya kwelikaFaro eGibhithe, ubalisa ngentshisekelo yoPhezukonke nangezibusiso kwabethembela kuye, sizixoxa ngesiZulu, sizixoxela abakuthakaselelayo ukuzifundela nokufundelwa ulwazi namagugu omlando nawenkolo ngolwimi lwakubo.

Amathuba okuncokolisana nokuxoxelana ezingasoze zabuna kanye nokwakhana nokuvuselelana ngezindaba ezilungileyo
angaba yinzuzo nentokozo enkulu
ekhaya, eskoleni, enkonzweni, emsakazweni nasemphakathini
kwabejwayele ukuzifundela leli bhukwana.

Isichazamazwi kulelo nalelo khasi siphelekezela ofunda ngenhloso yokuzithuthukisela ulwazi ngomnyombo walezi zingxoxo kanye nolungiselela intshumayelo nezifundo eziphakeme.

Okuhle kodwa!

Elandelayo isisendleleni.

Yithina

iviyo lezikhuthali
obanjiswaneni lokuhumusha nokubhala kabusha ibhaybheli ngesiZulu
- biblia zuluensis -

Dr. Ben Khumalo-Seegelken . Convenor: “biblia zuluensis” .
KwaMachanca . Alte Ziegelei 4 . D-26197 HUNTLOSEN
eJalimane/Deutschland
Tel/Fax: 0049-4487-75 02 85
biblia.zuluensis@t-online.de